SENDING OF THE CATECHUMENS FOR ELECTION – in the parishes – before Bishop's sending

UKWETHULWA KWABAFUNDELAYO

After the homily, the priest in charge of the catechumens' initiation, or a deacon, a representative of the community, presents the catechumens, using the following or similar words.

Baba, laba abafundelayo, engibethula kuwe, baqala isigaba esisemaphethelweni sokuhlanjululwa nokulungiselela kwabo okuyiso esiholela ekungenisweni kwabo eBandleni. Bathole amandla egrasiyeni likaNkulunkulu nangoxhaso abaluthola emphakathini ngemikhuleko nangesibonelo.

Manje bayacela ukuthi kuhlolwe ukuthuthuka kwabo olwazini lwezomoya njengoba kade befunda bese bamukele isiqiniseko sesibusiso sethu nemikhuleko njengoba beqhubeka beya emgubhweni wokukhethwa nguMbhishobhi…… *(ntambama noma ngeSonto elizayo yisho usuku)*

The celebrant replies:

Labo abazoya emgubhweni wokukhethwa kuKristo, mabeze ngaphambili kanye nabameli babo.

Kubizwa amagama abo ngamunye bonke abafundelayo, behambisana nabameli babo beze ngaphambili bame phambi koMpriste.

ABAMELI NOMPHAKATHI WAMAKHOLWA BABANIKEZA ISIQINISEKO

UMpriste ukhuluma emphakathi wamakholwa lamazwi noma afana nawo:

Makholwa athandekayo, laba abafundelayo belungiselela amaSakramente okungeniswa eBandleni bethemba ukuthi bazotholakala bekufanele ukuthi babe yingxenye yenkonzo yokwamukelwa futhi bakhethwelwe amaSakramente ePhasika kuKristo. Kuyisibopho sawo lomphakathi ukuthola ukuthi bakulungele yini lokho ngaphambi kokuba baye kuMbhishobhi.

UMpriste ukhuluma kubameli athi:
Manje ngiphendukela kunina bameli, ukuze ngizwe ubufakazi benu ngalaba enibamele. Kungabe laba abafundelayo bayithathe ngokuzimisela imfundiso yeVangeli nendlela yokuphila ngobuKhatholika na?

Abameli:
Yebo, bebezimisela.

UMpriste:
Kungabe bakhombisile ukuphenduka kwabo ngokwesibonelo sezimpilo zabo na?

Abameli:
Yebo, bakhombisile.

UMpriste:
Kungabe nisho ukuthi bakulungele ukuya kuMbhishobhi behambela inkonzo yokukhethwa na?

Abameli:
Yebo, bakulungele.

{Uma isimo sivuma, uMpriste angafuna izincomo ngabafundelayo nasemphakathini wamakholwa.}

UMpriste uphetha ukuqinisekiswa kwabafundelayo ngalamazwi:

Nina abafundelayo bami abathandekayo, lomphakathi wamakholwa ngentokozo uyavuma ukuthi niye kuMbhishobhi, yena okuzathi egameni likaKristo, anibizele emaSakramenteni ePhasika. Sengathi uNkululunkulu angawuphelelisa umsebenzi asewuqalile kinina.

Uma ibhuku labakhethwa lizosiwa kuMbhishobhi ngenkonzo yokukhethwa kwabafundelayo, beza ngaphambili abafundelayo ukuze basayine kulo.

IZINXUSO ZABAFUNDELAYO

UMpriste:
Bafowethu nodadewthu,sibheke ekugubheni iPhasika okuyimfihlakalo enikeza ukuphila ngokuhlupheka, ukufa nokuvuka kweNkosi yethu. Sihambisana sibheke emasakramenteni ePhasika, laba abafundelayo bazabukela kithina isibonelo sokuvuseleleka ngokobuKristo. Make sibakhulekele sizikhulekele nathi eNkosini, ukuthi sivuselelane omunye nomunye sindawonye sifinyelele ekwabelaneni ngezintokozo zePhasika.

Umfundelisi:
Sikhulekela ukuthi laba abafundelayo bakhululwe emoneni futhi bafunde ukubeka abanye phambili, Nkosi silalele.

Omunye umfundelisi:
Sikhulekela ukuthi abameli babo baphile ngokwesibonelo seVangeli phambi kwalaba ababamele. Nkosi silalele.

Omunye umfundelisi:
Sikhulekela ukuthi othisha balaba abafundelayo batshale ubuhle beZwi likaNkulunkulu kulaba ababafundisayo. Nkosi silalele.

Omunye umfundelisi:
Sikhulekela ukuthi laba abafundelayo babelana nabanye intokozo ababenayo ekubeni kwabo nobuhlobo noJesu. Nkosi silalele.

Omunye umfundelisi:
Sikhulekela umphakathi wethu wamakholwa ukuthi ukhule othandweni uqinisele emkhulekweni ngalenkathi yokuZilela ukuza kweNkosi. Nkosi silalele.

UMKHULEKO PHEZU KWABAFUNDELAYO

Emva kwezinxuso, uMpriste welulela izandla kulabo abafundelayo, asho lomkhuleko olandelayo:
Baba wothando namandla, kuyintando yakho ukwakhela zonke izinto kuKristo nokuthi usidonsele sonke othandweni lwakhe olusingatha konke.

Bahole laba abafundelayo kulezizinsuku ezisele: baqinise obizweni lwabo, bakhe babe ngumbuso weNdodana yakho, baphawule ngoMoya wesethembiso sakho.

Sikucela lokhu ngoKristo iNkosi yethu.

Bonke: **Amen.**

BAYAPHUMA/BAPHINDELA EZIHLALWENI ZABO

Uma kuqhutshekwa neMisa eliyiNgcwele, okuvamile abafundelayo bayaphuma endlini yokusonta kusetshenziswa isigaba A noma uB kwezilandelayo uma abafundelayo bengaphumi kusetshenziswa uC uma kungesilo iMisa eliyingcwele wonke umphakathi wamakholwa uyaphuma kusetshenziswa uD.

A. UMpriste uyala ukuba abafundelayo baphume ngalamazwi noma amanye afana nawo:

   Bangane abathandekayo, senizothatha umgwaqo oqonde kulo udumo lwePhasika. UKristo uzokuba yindlela kinina, futhi uzakuba yimpilo yenu. Egameni lakhe sithi hambani nisuka kulomphakathi wethu wamakholwa niyogubha noMbhishobhi ukuba yiziqokwa kwenu zeNkosi niyobalwa kanye nezikhethwa zayo. Size sihlangane futhi senizohlolisiswa, hambani njalo oxolweni lweNkosi.

   Abafundelayo:
   Amen.

B. Enye indlela yokukhulula abafundelayo uMpriste angasebenzisa lamazwi noma amanye afana nawo:

Bangane abathandekayo, lomphakathi wamakholwa manje uyanithuma ukuba niyozindla kabanzi ngezwi likaNkulunkulu esabelane ngalo nani namuhla. Siyaqinisa ukuthi sizonixhasa sinikhulekise. Silindele lolosuku lapho niyoba seTafuleni leNkosi ngokuphelele.

C. Uma ngezizathu ezithize abafundelayo bengaphumi (bheka no 75.3) bezoqhubeka nokuba nomphakathi wamakholwa endlini yeSonto, bayayalwa ukuba nakuba bethamele idili lomhlatshelo kodwa ngeke babe yingxenye yalo njengoba kwenza ababhabhadisiwe. UMpriste makabakhumbuze ngalokhu ngamazwi alandelayo noma ngamanye afana nawo:

Nakuba ningakazukuzibandakanya ngokuphelele eMhlatshelweni weNkosi, yibani nathi njengophawu lwethemba lethu lokuthi bonke abantwana bakaNkulunkulu bayokudla baphuze neNkosi basebenze ngoMoya wayo kudalwe kabusha ubuso bomhlaba.

D. UMpriste uyayala ukuba kuphunywe esebenzisa lamazwi alandelayo noma amanye afana nawo:

Hambani ngoxolo, sengathi iNkosi ingaba nani njalo.

Bonke:
Makabongwe uNkulunkulu.

Kungaculwa iculo elifanele ukuphetha umgubho.

UHLELO LOMHLATSHELO

529. Uma kuzolandela inkonzo yoMhlatshelo, umkhuleko emva kwezinxuso ushiwo emva kwezinxuso ezivamile lapho kunxuselwa iBandla nomhlaba wonke, uma kudingeka kungashiwo uMvumukholo. Kodwa ngezizathu ezithize zezokwalusa izinxuso ezivamile noMvumukholo kungayekwa. Kuqala isigaba senkonzo yoMhlatshelo njengokuvamile ngokulungiselelwa kwezipho.

UMGUBHO WEPHERISH WOKUTHUMELA ABAFUNDELAYO UKUYOKHETHWA NOKUBONWA NGUMBHISHOBHI (OPTIONAL)

INKONZO YEZWI

INTSHUMAYELO

536. Emva kwezifundo uMpriste uyashumayela. Lokhu kumele kuhambisane nesimo njengoba sinjalo, futhi intshumayelo ayibhekiswa nje kuphela kwabafundelayo nabameli babo kepha nakuwo wonke umphakathi wamakholwa, ukuze bonke bakhuthazeke ukunikeza isibonelo esihle futhi babambisane nabafundelayo kubhekwe ezimfihlakalweni zePhasika.

UKWETHULWA KWABAFUNDELAYO

357. Emva kwentshumayelo uMpriste ophethe ukufunda kwabafundelayo noma iDikoni, noma umfundelisi noma omele umphakathi wamakholwa wethula abafundelayo esebenzisa lamazwi alandelayo noma afana nawo:

Baba ohloniphekile, laba abafundelayo uN…..no N…..baqala isigaba esisekugcineni sokuhlanjululwa nokulungiselwa okubheke ekungenisweni kwabo. Bathole amandla egrasiyeni likaNkulunkulu nokuxhaswa ngumphakathi wethu ngemikhuleko nangesibonelo.

Manje bayacela ukuthi bayobonwa nguMbhishobhi ngentuthuko ababenayo ekwazini ngezomoya nokuthi bathole isiqinisekiso sesibusiso sethu nemikhuleko njengoba beqhubekela enkonzweni yokukhethwa nguMbhishobhi u……..ntambama noma ngeSonto (yisho usuku).

uMpriste uphendula athi:
Labo abazothunyelwa ukuyogubha inkonzo yokukhethwa kuKristo, mabeze ngaphambili, kanye nabameli babo.

Kubizwa amagama abafundelayo ngamunye bekanye nabameli babo bayoma ngaphambi koMpriste.

ABAMELI NOMPHAKATHI WAMAKHOLWA BAYABAQINISEKISA

538. UMpriste wethula lamazwi alandelayo noma amanye afana nawo emphakathini wamakholwa:

Bangane abathandekayo, laba abafundelayo nalabo akade belungiselela amaSakramente okungeniswa bathemba ukuthi bazotholakala befanele ukuba yingxenye yenkonzo yokukhethwa futhi babe yizikhethwa zamaSakramente

ePhasika kuKristo. Kuyisibopho salomphakathi ukuhlola ukufanela kwabo ngaphambi kokuba bethulwe kuMbhishobhi.

Ukhuluma lamazwi kubameli:
Manje ngiphendukela kunina bameli ukuze ngithole ubufakazi kinina ngalaba abafundelayo. Kungabe laba abafundelayo bayithathe ngokuzimisela imfundiso yeVangeli nendlela yokuphila ngokobuKhatholika na?

Abameli:
Yebo, bebezimisela.

UMpriste:
Kungabe bakhombisile ukuphenduka kwabo ngokwesibonelo sezimpilo zabo na?

Abameli:
Yebo, bakhombisile.

UMpriste:
Kungabe nisho ukuthi bakulungele ukuya kuMbhishobhi behambela inkonzo yokukhethwa na?

Abameli:
Yebo, bakulungele.

{Uma isimo sivuma, uMpriste angafuna izincomo ngabafundelayo nasemphakathini wamakholwa.}

UMpriste uphetha ukuqinisekiswa kwabafundelayo ngalamazwi:

Nina abafundelayo bami abathandekayo, lomphakathi wamakholwa ngentokozo uyavuma ukuthi niye kuMbhishobhi, yena okuzathi egameni likaKristo, anibizele emaSakramenteni ePhasika. Sengathi uNkululunkulu angawuphelelisa umsebenzi asewuqalile kinina.

Uma ibhuku labakhethwa lizosiwa kuMbhishobhi ngenkonzo yokukhethwa kwabafundelayo, beza ngaphambili abafundelayo ukuze basayine kulo.

UKWETHULWA KWABABHABHADISIWE ABAFUNDELA UKWAMUKELA IKHOMUNIYONI LOKUQALA NOMQINISO (Abadala)

UMpriste noma iDikoni noma uMfundelisi ophethe abafundela ukwamukela iKhomuniyoni lokuqala noMqiniso wethula abafundelayo esebenzisa lamazwi alandelayo noma amanye afana nawo:

Baba, ngethula kuwe laba abafundelayo asebefike esigabeni esisemaphethelweni sokulungiselela ukwamukela iSakramente loMqiniso neKhomuniyoni lokuqala (kanye nalabo abamelwe ukwamukelwa babe ngamalunga apheleleyo omphakathi weBandla eliKhatholika). Bathole amandla eGrasiyeni likaNkulunkulu nangokuxhaswa umphakathi ngemikhuleko nesibonelo.

Manje bayacela ukuthi kwamukelwe ukuthuthuka kwabo kwezoMoya futhi bathole isiqiniseko sesibusiso nemikhuleko yethu njengoba beqhubekela phambili ukuyokwamukelwa nguMbhishobhi uN…. Namhlanje ntambama (noma ngeSonto elizayo….yisho usuku).

UMpriste uphendula athi:
Labo abamelwe ukwamukelwa mabeze ngaphambili, kanye nabameli babo.

Kubizwa amagama abafundelayo ngamunye, beza ngaphambili behambisana nabameli babo bafike bame phambi koMpriste.

UKUQINISEKISWA NGABAMELI (NOMPHAKATHI WAMAKHOLWA)

UMpriste ukhuluma emphakathini wamakholwa amazwi alandelayo noma amanye afana nawo:
Bazalwane abathandekayo, **laba abafundelayo asebenziwe bamunye nathi ngombhabhadiso kuKristo, bacelile ukubamba iqhaza ngokuphelele empilweni yeBandla eliKhatholika yobuSakramente. Labo ababaziyo bafakazile ukuthi baqotho kulesisifiso sabo. Ngesikhathi sokufundiswa kwabo ngeKhathekisima balalelile iZwi likaKristo bazama ukulandela imiyalelo yakhe ngobuqotho, bebehlanganyela nabafowabo nodadewabo kuKristo kuwo lomphakathi wamakholwa behlanganyela kanye nabo emkhulekweni.**

Futhi ngiyanazisa nonke enikhona lapha ukuthi umphakathi wethu wamakholwa ubaxhasile esifisweni sabo. Ngakhoke, ngicela abameli babo ukuthi babeke uvo lwabo futhi, ukuze nonke nizizwele.

UMpriste ubhekisa kubameli:
Njengoba uNkulunkulu kungufakazi wenu, kungabe nibona ukuthi kufanele na ukuba laba bamukele iSakramente loMqiniso neSakramente eliyiNgcwele cwe laseLathini (noma: bakulungele ukwamukelwa ngokugcwele eBandleni eliKhatholika)?

Abameli:
Yebo, bafanele.

[uma isimo sivuma, uMpriste angacela wonke umphakathi wamakholwa uzwakalise ukuvuma kwawo ukuthi abafundelayo bemukelwe.]

UMpriste uphetha ukuqinisekiswa ngalamagama alandelayo:
Manje ke, bangane abathandekayo, ngibhekisa kini. Abameli benu (nalomphakathi wamakholwa wonke) sebekhulume kahle ngani. IBandla egameni likaKristo, liyabemukela ubufakazi babo ngakhoke nithunyelwa kuMbhishobhi u……, ozokunilayisisa ukuba niphile ngokulandela impilo kaKristo ngokujulile.

IZINXUSO ZABAFUNDELAYO

541. Umphakathi wamakholwa uthandazela abafundelayo usebenzisa lendlela elandelayo noma enye efuze yona:

UMpriste angenza isingeniso sezinxuso esizohambisana nezimo ezahlukene.

[Uma kwenziwe njengoba kushiwo kuNo. 546, ukuthi emva kokuphuma kwabafundelayo izinxuso ezijwayelekile ziyayekwa nokuthi kuqalwa khona njalo inkonzo yoMhlatshelo, izinxuso zeBandla nezomhlaba wonke zengezwa kulezi ezingezansi zabafundelayo.]

UMpriste:
Bafowethu nodadewethu abathandekayo kuKristo, sibheke ekugubheni imfihlakalo enikeza impilo ekuhluphekeni, ekufeni nasekuvukeni kweNkosi yethu. Njengoba sihambisana sibheke emaSakrementeni ePhasika, laba abafundelayo nabazongeniswa eBandleni bazobukela kithina isibonelo sokuvuseleleka ngokobuKristo. Masibakhulekele eNkosini sizikhulekele nathi, ukuthi selekelelane sivuseleleke sindawonye sifinyelele ekwabelaneni ngezintokozo zePhasika.

Umfundelisi:
Sikhulekela ukuthi laba abafundelayo nabazongeniswa eBandleni bangakhululwa emoneni bafunde ukubeka abanye phambili. Nkosi silalele.

Omunye umfundelisi:
Sikhulekela ukuthi abameli babo babe yisibonelo esiphilayo seVangeli. Nkosi silalele.

Omunye umfundelis:
Sikhulekela ukuthi abafundelisi babo batshale njalo kulaba ababafundelisayo ubuhle bembewu yeZwi likaNkulunkulu. Nkosi silalele.

Omunye umfundelisi:
Sikhulekela ukuthi laba abafundelayo babelana nabanye intokozo ababenayo ekubeni kwabo nobuhlobo noJesu. Nkosi silalele.

Omunye umfundelisi;
Sikhulekela ukuthi umphakathi wethu wamakholwa, ngalenkathi yokuZila, ukhule othandweni uphikelele emkhulekweni. Nkosi silalele.

UMKHULEKO PHEZUKWABAFUNDELAYO NABAZOKWAMUKELWA EBANDLENI

Emva kwezinxuso, uMpriste welulela izandla zakhe phezukwabafundelayo nalabo abazokwamukelwa eBandleni esho lomkhuleko olandelayo:

Baba wothando namandla kuyintando yakho ukwakhela zonke izinto kuKristo nokuthi usidonsele sonke othandweni lwakhe olusingatha konke.

Bahole laba abafundelayo nalaba abazokwamukelwa eBandleni kulezinsuku ezisele: baqinise obizweni lwabo, bakhe babe ngumbuso weNdodana yakho, baphawule ngoMoya wesethembiso sakho.

Sikucela lokhu ngoKristo iNkosi yethu

Bonke: **Amen**

BAYAPHUMA/BAPHINDELA EZIHLALWENI ZABO

Uma kuqhutshekwa neMisa eliyiNgcwele, okuvamile abafundelayo bayaphuma endlini yokusonta kusetshenziswa isigaba A noma uB kwezilandelayo uma abafundelayo bengaphumi kusetshenziswa uC uma kungesilo iMisa eliyingcwele wonke umphakathi wamakholwa uyaphuma kusetshenziswa uD.

A. UMpriste uyala ukuba abafundelayo baphume ngalamazwi noma amanye afana nawo:

Bangane abathandekayo, senizothatha umgwaqo oqonde kulo udumo lwePhasika. UKristo uzokuba yindlela kinina, futhi uzakuba yimpilo yenu. Egameni lakhe sithi hambani nisuka kulomphakathi wethu wamakholwa niyogubha noMbhishobhi ukuba yiziqokwa kwenu zeNkosi niyobalwa kanye nezikhethwa zayo. Size sihlangane futhi senizohlolisiswa, hambani njalo oxolweni lweNkosi.

Abafundelayo:
Amen.

B. Enye indlela yokukhulula abafundelayo uMpriste angasebenzisa lamazwi noma amanye afana nawo:

Bangane abathandekayo, lomphakathi wamakholwa manje uyanithuma ukuba niyozindla kabanzi ngezwi likaNkulunkulu esabelane ngalo nani namuhla. Siyaqinisa ukuthi sizonixhasa sinikhulekise. Silindele lolosuku lapho niyoba seTafuleni leNkosi ngokuphelele.

C. Uma ngezizathu ezithize abafundelayo bengaphumi (bheka no 75.3) bezoqhubeka nokuba nomphakathi wamakholwa endlini yeSonto,abafundelayo nalabo abazo kwamukelwa eBandleni ngePhasika bayayalwa ukuba nakuba bethamele idili lomhlatshelo kodwa ngeke babe yingxenye yalo njengoba kwenza amakholwa asevele angamaKhatholika. UMpriste makabakhumbuze ngalokhu ngamazwi alandelayo noma ngamanye afana nawo:

Nakuba ningakazukuzibandakanya ngokuphelele eMhlatshelweni weNkosi, yibani nathi njengophawu lwethemba lethu lokuthi bonke abantwana bakaNkulunkulu bayokudla baphuze neNkosi basebenze ngoMoya wayo kudalwe kabusha ubuso bomhlaba.

D. UMpriste uyayala ukuba kuphunywe esebenzisa lamazwi alandelayo noma amanye afana nawo:

Hambani ngoxolo, sengathi iNkosi ingaba nani njalo.

Bonke:
Makabongwe uNkulunkulu.

Kungaculwa iculo elifanele ukuphetha umgubho.

UHLELO LOMHLATSHELO

529. Uma kuzolandela inkonzo yoMhlatshelo, umkhuleko emva kwezinxuso ushiwo emva kwezinxuso ezivamile lapho kunxuselwa iBandla nomhlaba wonke, uma kudingeka kungashiwo uMvumukholo. Kodwa ngezizathu ezithize zezokwalusa izinxuso ezivamile noMvumukholo kungayekwa. Kuqala isigaba senkonzo yoMhlatshelo njengokuvamile ngokulungiselelwa kwezipho.